




UHLELO LWE-EXODUS LOMSEBENZI WEZINYATHELO

ISINYATHELO SESIKHOMBISA

“Simcelile Yena ngokuzithoba ukuba asuse ukwehluleka kwethu.”



“Simcelile Yena ngokuzithoba ukuba asuse ukwehluleka kwethu.”

INHLOSO YOKWENZA

Esinyathelweni Sesithupha, sihlale ngokhululeka emqondweni **wokuthi siyahluleka, noma sinesimilo esinamaphutha** okungaba ngcono kakhulu uma singekho. **Sibhale phansi amaphutha ethu kanye nezinto ezisehlulayo** sase sizilungiselela ukuthi sizilahle. Sibe sesisebenza ukuthi sizimisele ukuphila impilo ehlukelele **njengezidalwa ezintsha**.

Esinyathelweni Sesikhombisa, sakhela **ekuzimiseleni nokunikezela** esikwakhe Esinyathelweni Sesithupha, sishintsha inhloso ibe yisenzo/ukwenza ngokucela uNkulunkulu ukuthi **asakhe/asibumbe kabusha**. Endleleni yethu yeZinyathelo Eziyishumi Nambili kuze kufike lapha, lesi Sinyathelo sehlukile kwezinye. Izinyathelo ezedule bezisenza ukuthi sisebenze ukwakha ingaphakathi lethu. Isinyathelo Sesikhombisa, siqala uhlelo **lokuguqula indlela esenza ngayo/ukuziphatha kwethu**.



Uma nihlala Kimi namazwi Ami ehlala kini, niyakucela enikuthandayo nikwenzelwe. UBaba uyakhazimuliswa ngalokhu ukuba nithele izithelo eziningi, nibe ngabafundi Bami.

NgokukaJohane 15:7-8

Okusemqoka kakhulu nokuhambisana nalesi Sinyathelo amazwi **ngokukaJohane 15:2**, akhuluma **ngokuthena** kukaNkulunkulu.

Ekulimeni/ekutshaleni, ukuthena **yilapho kusuke kususwa ingxenye ethile** yesihlahla, yehlathi, noma yesitshalo esithile **ukuze ikhule kabusha**. Ukuthena isihlahla kuyasiza ukuthi isihlahla **sikhule ngendlela ethile**. Yizeke ukususa izingxenye ekuqaleni kungavela, kuyinto eziphikisayo, kodwa ukuthena kungaba **uhlelo lokuvuselela** oluvumela ukungena kwelanga, amanzi kanye nokuthola umsoco, kulekelele ukuthi isihlahla sikhule kahle. Ezihlahleni ezikhiqiza izithelo, ukuthena **akulekeleli nje kuphela ukuthi isihlahla sikhiqize kakhulu** kodwa kunyusa izinga lazo izithelo.



Yilelo nalelo gatsha eliKimi, elingatheli izithelo, Uyalisusa. Yilelo nalelo gatsha elithela izithelo Uyalihlunga ukuba lithele kakhulu.

NgokukaJohane 15:2

Ngendlela efanayo nalena eyenziwa umlimi, uNkulunkulu ngesinye isikhathi **uyasithena**, anqamule ezinye izingxenye zethu kanye nendlela esiziphatha ngayo **ukukhuthaza ukuthi sikhule futhi sithuthuke**. Yize noma lolu hlelo lungaba nezinsalelo, lusenze singakhululeki, futhi lube buhlungu ngesinye isikhathi, ukusithena uNkulunkulu ukwenza ebeka **ukubaluleka kwethu enhliziyweni Yakhe**.



Kepha izithelo zikamoya ziluthando, nokujabula, nokuthula, ukubekezela nobubele, ubuhle, ubumnene kanye nokuzithiba.

KwabaseGalathiya 5:22-23

Esinyathelweni Sesikhombisa, sicela uNkulunkulu ukuba **asiphathe ngalendlela** siqonda ukuthi, ukusithena kwakhe **kuyisipho sokususa wonke amaphutha ethu ebese ewabuyisela ngokunamandla**. Ukusithena kusenza sithela kakhulu futhi sihambisane nenhloso Yakhe ngezimpilo zethu.

Ukuze sisenze kahle Isinyathelo Sesikhombisa, **kufanele sibe nokulangazelela ukushintshwa** ngokuzimisela nangeqiniso. Siqala lesi Sinyathelo ngokuthi siqiniseke ukuthi **asinakho ukunqikaza/ ukungabaza ngaloluhlelo.**

- Ngabe uqiniseke kangakanani ukuthi uyalufuna ushintsho?

- Ngabe ziyini izizathu zakho zokulangazelela ushintsho?

- Yini okungenzeka uyizuze kuloluhlelo lweSinyathelo Sesikhombisa?

- Ngabe unakho ukungabaza ngokuthi kususwe ukwahluleka kwakho? Uma kunjalo, ngabe kuyini?

- Ngabe uzokuxazulula kanjani ke ukunqikaza kwakho?

NGOKUZITHOBA

Esinyathelweni Sesikhombisa, **umgomo wokuthobeka** usemqoka. Kuye kwenzeke ukuthi singayiqondi kahle incazelo yakho siyiphambanise nokwehluleka kanye nokungazethembi, kodwa ukuthobeka ilamandla asisiza ukuvuthwa ekubeni abantu abangcono. IBhayibheli ligcwele **ubuhlakani mayelana nomoya wokufundiseka, othobile.**

Uma sithobekile, **sinokuqonda** kahle hhayi kuphela amandla ethu kodwa nalapho sehluleka khona. Uma sinokuthobeka sinakho ukuzazi. Siyavuma ukuthi **sinawo amaphutha kanye nokungafaneleki.** Asisabi **ukuphumela obala.** Sizama ngayo yonke indlela ukuphila **ngaphandle kokuziqhayisa, ukuqhosha kanye nokuzanelisa.** Lendlela iyona edingekayo lapho kufika ekuceleni usizo kanye nokwamukela usizo. Ngaphambi kokuthi sifike ekuceleni usizo, **kufanele sifike lapho samukela izithiyo khona.** Ngakho, Esinyathelweni Sesikhombisa ukuthobeka kuyingxenye engahlukaniseki nokunikezela.

Ukuthobeka kuyingxenye **ebalulekile yokuqala ukukhula.** Isimo sokuthobeka sisibeka **endaweni lapho sikwazi ukukhula sithuthuke ngokwesekwa** kanye nalapho sivuna khona **amathuba oshintsho oluhle** esilulethelwa uhambo lokululama.

Ukuqhathanisa nje, uma **singenakho ukuthobeka,** sisuke **singaboni ukwahluleka kwethu futhi sinqaba usizo lwanoma iyiphi indlela.** Asiluceli usizo ngoba sicabanga ukuthi asiludingi. Lokhu kusishiya esimweni **sokungakhuli,** sisendaweni lapho **singanikezele khona** nalapho singakwazi ukuthuthuka khona.

- Ngabe usukhule kanjani ekuthobekeni endleleni yakho yeZinyathelo Eziyishumi Nambili?

- Ngabe kukusiza ngani ukuthobeka ekwenzeni Isinyathelo Sesikhombisa?



Ngokuba
oziphakamisayo
uzakuthotshiswa,
nozithobayo
uzakuphakanyiswa.
NgokukaLuka 14:11

- Ngabe uzoqhubeka kanjani nokwenza ukuthobeka ekulameni kwakho?

- Ngabe yiziphi izimpawu, ngokwengqondo, ngokwemizwa kanye nendlela yokuziphatha ezikhombisa ukuthi awunakho ukuthobeka?

SIMCELILE

Esinyathelweni Sesikhombisa, siyabuyela **ezimisweni Zesinyathelo Sesibili neSesithathu**, sikhumbula ukuthi sincono kakhulu uma sibeka izimpilo zethu ezandleni zikaNkulunkulu ukuze asinakekele. Njengezitshalo ezingeke zazithena ngokwazo, **sidinga usizo** lapho kudingeka kususwe ukwahluleka kwethu ngendlela eletha ukuthuthuka.

Ngokwethu, asinawo amandla **okuzibuyisela emqondweni ophilile**. UNkulunkulu kuphela **onamandla okwenza lokhu**. UYena **ongasiguqula** ngeqiniso, okungukuthi., avuselele izinhliziyi zethu kanye nengqondo yethu njengenhlukano yempumalanga nentshonalanga.

Yingakho Esinyathelweni Sesikhombisa, singahleli ngokwethu ukususa amaphutha ethu. Kodwa kunalokho, **sicela/sinxusa uNkulunkulu** ukuba aqale asithene, sikholwa ukuthi uzokwenza lokho. Singakwenza lokhu **ngeqholo nangokukholwa** ngoba usinikezile isiqiniseko ezwini lakhe. Isikhathi esiningi, uNkulunkulu uhlale esikhumbuza ukuthi **Uyayizwa imithandazo yethu**. Isikhathi esiningi, UNkulunkulu uyasitshela ukuthi **Uyababusisa labo abathobekileyo**. Isikhathi esiningi, UNkulunkulu uyaqinisekisa ukuthi **Uyasithanda futhi Uzoguqula abuyisele** izimpilo zethu, uma simlandela.



Ngihole Nkulunkulu wami, wazi inhliziyi yami, ngilinge wazi imicabango yami, ubone uma kukhona indlela yosizi kimi, ungiholele endleleni yaphakade.
Amahubo 139:23-24

UKUBA ASUSA UKWEHLULEKA KWETHU

Ukucela uNkulunkulu ukuba asuse ukwehluleka kwethu kuyinto esizohlala siyicela impilo yethu yonke. Ukususwa kokwehluleka kwethu **akuyona nje into engenzeka ngesikhathi esisodwa**. Kodwa kuthatha isikhathi ukwenzeka. Ukulindela ukuthi uNkulunkulu asuse zonke izinkinga zethu kanyekanye kungasenza sidangale futhi sibe nokunqikaza. Ukungeza ekuthobekeni kanye nasekukholweni, sidinga ukuthi **sibe nesineke** ekwenzeni Isinyathelo Sesikhombisa.

Abalimi bayazi ukuthi isikhathi esihle sokuthena siyehluka ngokohlobo lwesitshalo ngasinye. Izitshalo zidinga ukuthenwa ngesikhathi esivumelana nendlela yaso yokukhula kanye nokuqhakaza. Ngendlela efanayo ke, **uNkulunkulu uyasazi isikhathi esilungile ukuthi asithene**. Noma ngabe sekuthathe isikhathi eside kangakanani simcela uNkulunkulu ukuthi asuse ukwehluleka kwethu, akufanele silahle ithemba. Isikhathi sokuhlela sikaNkulunkulu silungile, nezindlela zakhe zingaphezu kokuqonda kwethu.

Ngokujulile, kufanele sibe nobuhlakani ekuboneni **indlela asebenza ngayo uNkulunkulu – izindlela eziningi ezihlukene nezingaqondakali**. Impela, **ukukhululwa okunamandla** kusenzeka. Ngasinye isikhathi, ukwehluleka kwethu kuyanyamalala ngendlela engaqondakali lapho sesithola ushintsho oluphelele **oluyizinga lekhulu namashumi ayisishiyagalombili/180 degree**.

Kujwayelekile, kodwa, ukuthi uNkulunkulu **asebenzise ezinye izindlela** ukususa amaphutha ethu **adinga thina ukuthi sisebenze**. Lapha, uNkulunkulu **usebenzisa izimo ukuze asinike ithuba lokwenza izinto ngendlela entsha**. Kuyenzeka lamathuba asisuse **ekuhlaleni singenzi lutho/ekutheni sikhululeke nje**, ngendlela yezinselelo kanye nezithiyo. Ngasikhathi sibhekana nezinselelo kanye nezithiyo ngendlela ehlukile kunesenze ngayo phambilini, sibe sesibhukula **sikhule ngaphezulu** kwezindlela zethu zakudala.

Kulezi zimo, ukunqoba ukuhluleka kwethu **kuncike ekutheni siwamukela** kanjani lamathuba asinika wona uNkulunkulu. Nanoma, kunjalo Uhlezi **Ethembekile**. Uma simcela, uNkulunkulu uyasinika **isibindi nesixazululo sokwenza lokhu esingakujwayele bese silandela lokhu okudingeka sikwenze**.

Isibonelo, uma ukuziqhelelanisa kungukwehluleka, uNkulunkulu angasinikeza ithuba lokuba sibe yingxenywe yamaqembu asekanayo. Ukususwa kokuziqhelelanisa kwethu kuncika ekutheni ungakanani umzamo esiwufaka ukuzihlanaganisa nomphakathi/nabantu abasekululamani. Ngaso lesi sikhathi, nanoma kunjalo, uNkulunkulu uyasigqogquzela ngokuzethemba okusha ukuze sikwazi ukunqoba ukukhathazeka esingazithola sikuzwa nokuthi sakhe ukuxhumana okunenhloso namanye amalungu eqenjini.

Ukusakha ngokwentando yakhe, **uNkulunkulu angasebenzisa noma ngabe** yini njengethuba lokukhula, ngisho nokwehluleka kwethu kanye nokulahlekelwa. Uma sesisiqedile lesi Sinyathelo, sizokwazi ukuqhubekela phambili uma **sicinga futhi senza amathuba** ukuze sikhule futhi sizithuthukise, ngisho nasezimweni ezinzima.

- Ngabe ikuphi ukwehluleka kwakho asekususile noma akunciphisile uNkulunkulu?

- Yenza isibophezelo sokuthi ulandele umsebenzi ongadingeka ukuze kususwe ukwehluleka kwakho.

SIYAPHAMBILI FUTHI SIYENYUKA

Esinyathelweni Sesikhombisa, sicele uNkulunkulu ngentobeko ukuba asuse ukwehluleka/amaphutha ethu **sabe sesiqala indlela yokuguqulwa.**

- Esilinganisweni u1 kuya ku10, ngabe ungakanani umzamo owenzile Esinyathelweni Sesikhombisa? U1 uchaza ukuthi mncane umzamo owenzile. U 10 uchaza ukuthi mkhulu kakhulu umzamo owenzile.

① ② ③ ④ ⑤ ⑥ ⑦ ⑧ ⑨ ⑩

- Ngabe yini oyiqaphelile Esinyathelweni Sesikhombisa?

- Ngabe uzoyisebenzisa kanjani imigomo yeSinyathelo Sesikhombisa ukuze ikusize **endleleni yakho yonke** yokululama?

- Ngabe usukulungele ukudlulela Esinyathelweni Sesishiyagalombili?

PROJECT
EXODUS



info@projectexodus.net



www.projectexodus.net



+27 82 692 3999



37 Mackeurtan Avenue
Durban North, South Africa



[projectexodusrecovery](https://www.facebook.com/projectexodusrecovery)



[projectexodusrecovery](https://www.instagram.com/projectexodusrecovery)